# UKUQOKWA KUKADKT NGOBANI JOHNSTONE MAKHUBU NJENGOKHOMISHANA WAKWASARS

**Tshwane, 3 kuMbasa 2026 —** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS), uMnu. Edward Kieswetter, ukwamukela ngentokozo ukuqokwa kukaDkt Ngobani Johnstone Makhubu njengoKhomishana omusha wakwaSARS ukusukela mhla lu-1 kuNhlaba 2026, isikhathi esiyiminyaka emihlanu. UDkt Makhubu wayeqokwe njengePhini likaKhomishana: Ukuxhumana Nabakhokintela Nokusebenza kusukela mhla lu-1 kuNhlaba 2023.

UMongameli uqoke uDkt makhubu ngokwesigaba 6 soMthetho Wophiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika 34 we-1997. Lokhu kulandela izincomo zalabo ababekunhlolokhono usihlalo wayo okwakungulowo owayenguNgqongqoshe Wezimali, uMnu. Nhlanhla Nene, elivumelane ngelika elethu ekuncomeni uDkt Makhubu njengosifanele lesi sikhundla sokuba nguKhomishana omusha wakwaSARS.

Ukuqokwa kukaDkt Makhubu kuwumphumela wenqubo yokuhlela ubulungu ngokuhambisana neKhomishini Yophenyo kaNugent mayelana nokuphathwa kanye nokubusa kwaSARS. Ukuqokwa kukaDkt. Makhubu kumele ukuqhubeka kanye nethuba lokuyisa uSARS ezingeni eliphezulu njengoba ubhekana nezinselele ezintsha endaweni eyinkimbinkimbi kakhulu, eguquguqukayo, neyedijithali.

UKhomishana uKieswetter uthe "akekho omunye umuntu uMongameli uRamaphosa abengambona efaneleke kakhulu ukuba athathe izintambo. UDkt. Makhubu unolwazi olubanzi ngoSARS futhi ubelokhu ebandakanyeka kakhulu ekuthuthukisweni kukaSARS. Angingabazi engqondweni yami ukuthi lokhu kuphakanyiswa kusetshenzelwe. Mina mathupha ngisebenzisane noKhomishana oqokiwe futhi ngingasho ngokuqiniseka ukuthi uzowenza umsebenzi obalulekile wokusiza ekwakheni umbuso okhonayo ukuthuthukisa inhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika ngokuqoqa yonke imali engenayo okufanele ize kuhulumeni. Ndawonye nabesilisa nabesifazane bakwaSARS, simfisela okuhle uJohnstone njengoba elungiselela ukuthatha le ndima ebalulekile njengoKhomishana wakwaSARS."

UDkt Makhubu unalezi ziqu i-*PhD in Leadership*, emuva kokuphothula i-*Master in Business Leadership*, kanye neze-*Bachelor in Electrical Engineering* ne-*Bachelor of Economics*.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSmedia@sars.gov.za.